



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



SEND ME
TO BUILD THE MZANSI I WANT

SIMAMA

OPERATION SUKUMA SAKHE



ISSUE: 234 • OCTOBER 2019

USHICILELO LWAMAHHALA LWEZINDABA ZIKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

KZN ANNOUNCES PLAN TO END VIOLENCE AGAINST WOMEN AND CHILDREN



KZN Premier Sihle Zikalala leading a march by thousands of government, community, religious and non-governmental organizations as he launched a rolling mass action programme aimed at fighting the scourge of violence against women and child abuse and attacks on foreign nationals. The march started at Curries Fountain and ended at Gugu Dlamini Park in Durban. The launch was a resounding success.

STOP VIOLENCE →
AGAINST WOMEN AND CHILDREN
FOR GENDER-BASED VIOLENCE ASSISTANCE CONTACT
087 158 3000 - 24/7 NOMANINI!!



SEND ME
TO BUILD THE MZANSI I WANT



Mr Sihle Zikalala
PREMIER OF KWAZULU-NATAL

OKUQUKETHWE NGAPHAKATHI

PAGE 5



PAGE 6



PAGE 8



IGUJWE NGEMPUMELELO INYANGA
YAMASIKO NEZOKUVAKASHA
KWAZULU-NATAL

YOUR HOUSE IS NOT YOUR HOUSE
UNTIL YOU HAVE A TITLE DEED

UMNYANGO EMKHANKASWENI
WOKUNAKEKELWA KWEMFUYO
EMNAMBITHI

PAGE 11



KUKHULEKELWE UKUPHEPHA
KWEZINTOMBI EMHLANGENI

PAGE 13



ISASASA KUTHULWA NGOKUSEMTHETHWENI
U50 DAYS NGAPHAMBI KWEZIVIVINYO
ZAMATIKULETSHENI

PAGE 15



UNGQONGQOSHE UTHULE UHLELO
LWE-OPERATION VULA OTHUKELA

UZIKALALA UBOPHEZELE UHULUMENI WAKHE EKUXHASENI UMBUTHO WAMAMAVULANDLELA

CUTHBERT NZUZA

Awugubhe ngempumelelo umcimbi wavo amavulandlela omkhulukazi oba kanye ngonyaka. Lo mcimbi ugujwe ngesasasa eMgungundlovu esikoleni Linpark kanti ubuuoxhaswe uhulumeni.

Lonyaka owamashumi ayithupha abakhona amavulandlela kulesisiFundzawe. Adele amakhaza ashubisa umnkantsa amavulandlela enza adume ngakho.

Ethula inkulomo yakhe okaKhuzeni, ubonge amavulandlela ngomsebenzi omuhle awenzayo wokubumba isizwe kanye nokuvuselela izimilo kubantwana kanye nokukhula kwasibalo samavulandlela esinawo kwisiFundazwe esibonakala minyaka yonke njengoba sekunezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane zamavulandlela esinawo eMzansi.

Umemezele ukuthi basazoqhube ka nokuwuxhasa umbutho wamavulandlela kulesisisFundazwe.

Uthe imiithetho yamavulandlela kanye nemithetho elishumi eseBhayibhelini kuyahambisana ekwakheni isizwe esisodwa.

Umgubho walonyaka uqinisa kakhulu noma uvuselela ukulwa nesihlava esibi esihlasele isizwe kanye nokuvuselela kwezimilo kubafana namantombazane njengoba isibalo sokuhulelwu kwenntsha senyuka,

ubugebengu, ukuhlukunyezwa komama, ukukhwabanisa, udlame lomphakathi, ukucekelwa phansi kwezingqalasizinda kanye nesibalo esinyukayo sesifo sengculaza.

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala ubephelezwa uNgqongqoshe wezemfundo uMnu Kwazi Mshengu kanye nowezemzimali uMnu. Ravi Pilay.

Umphathi wamavulandlela eNingizimu Afrika uDkt Brendon Hausberger uncome izinga eliphezulu lokuhlelwa komcimbi, indlela izinto ebezenziwe ngayo kanye nezinga eliphezulu lomncintiswano abeqala ukubona iKwaZulu-Natali ikhuphule ngayo amangwevu futhi kwabakhona konke okwenziva amavulandlela.

Amavulandlela aviliyele kwashunqa uthuli bencintisana ngezitayela, bemasha kwachazeka amajaji.

Indonsa uDkt Dlamini uchazole amavulandlela nomphakathi ukuthi basebenza kanzani ukwakha izingane ezizoba abaholi bakusasa.

Wachaza ukuthi nemvelo bayinakekela kanjani. Uveze nokuthi bengamavulandlela banazo izingadi la befundisa khona amavulandlela ukutshala izivande nokudla ukudla okunempilo.

IsiFunda saseMgungundlovu sidle umhlanganiso kumncintiswano wamavulandlela kwallandela i-Pinetown.



MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni waKwaZulu-Natal olusemthethweni. I-KZN Operation Sukuma Sakhe ekuqukethe phakathi izindaba, imibiko nezimemezele zikaHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal.

Ishicilelwu kibili nenyanga

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyele esikhungweni sakho esifana nesebole, umtapo wolwazi kanye nesibhedlela ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali ku: 033 341 3300 noma ku-emali ethi: MANDLA.MSOMI@kznpremier.gov.za Liyatholakala naku: www.kznonline.gov.za

Ithimba elihlanganise iphephandaba

Umhleli omkhulu
Cecil Mandla Msomi


Umhleli wamakhasi nezindaba
Bonga Khoza

Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu
Zandile Shange

© KZN Provincial Government



KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



UKHUZENI UFUNA UHLELO LOKUBUYISWA KOMHLABA LUNIKEZE ABANTU UMHLABA OVUNDILE WEZOLIMO

SIMPHIWE NDWANDWE

UNDUNANKULU wesiFundazwe saKwaZulu-Natal, uMnu Sihle Zikalala, uxuse ukuba kuphuthunyiswe udaba lokubuyiselwa komhlaba kabantu ukuze bathole indawo yokulima evundile.

Lokhu uthe kuzoba nomthelela omuhle kakhulu emsebenzini wokuphucula impilo yabantu abamnyama kwezomnotho njengalokhu bengabamba iqhaza elikhulu embonini yezolimo.

Lokhu uZikalala ukusho ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni uhlelo lokulima oludidiywle luka-R160 million olubizwa ngokuthi yi-Multi-Planting Season alwethule phambi kwezinkumbi zabantu eNdumo ngempelasonto.

UZikalala, obephelezelwa uMphathiswa wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni, uNkk Bongiwe Sithole-Moloi nabanye ongqongqoshe, uthu ukubuyiselwa komhlaba kabantu kungabasiza ikakhulukazi labo abanogqozi lokulima kodwa abasezindaweni esezaphehunda isigqala ngenxa yokuguquguquka kwasimo sezulu. Ezinye izindawo azikulungele ukusetshenzisa njengomhlaba wokulima ngenxa yokuthi zingamadlelo ezinkomo omphakathi, usho kanje. Mayelana nokwethulwa kohlelo Iwezolimo

oludidiyele uZikalala uthe uhulumeni uzosebenzisa imali engu-R160 million ezokwelekelela abalimi ngezinsiza kulima ezahlukene ukuze lo msebenzi abewethula ube yimpumelelo.

Esabela ekhweleni elahlatshwa yiSilo samaBandla phambilini nonyaka lokuba kunikeze imiphakathi amanzi okunisele amasimu, kumbiwe nezigwedlo, uNdunankulu uZikalala uthe lokhu kuphezulu eqhulwini ezinhlelweni zezolimo kangangoba uthe sekuvele kuqaliwe kwezinye izindawo kufakelwa imiphakathi inkasa njengakhona laphaya eNdumo.

Uthe lokhu bakwenza ngaphansi kohlelo olubizwa ngokuthi yi-Raset uHulumeni afuna kuphuthunyiswe ngalo ukuthuthukisa kwemiphakathi eyayincishwe amathuba kwezolimo phambilini.

Uthe ngaphansi kwalolu hlelo kuzohlinzekwa ogandaganda, izimbewu kuphinde kuxhaswe abalimi abasebenzela ukuzondla nalabo abafuna ukulima ngenjongo yokuhweba.

Kuwona lo mcimbi uZikalala uphinde wakuza isihlamba sokuhselwa kwabesifazane nezingane esesiphenduke insakavukela umchilo wesidwaba muva nje, wathi amadoda ake azinuke amakhwapha neqhaza okumele alibambe ekuyseni isizwe phambili ngoba kubukeka sengathi

sekukhona ukudideka.

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya, uNkk Sithole-Moloi unikeze umsebenzi wokwengamela lolu hlelo njengalokhu kunguye ozobhekela ukuthi Iwenzeka ngononina yini kuso sonke isifundazwe.

Njengalokhu lolu hlelo selwethulwe ngokusemthethweni, uNkk Sithole-Moloi ujutshwe ukuba ahambale ezingeni leziFunda lapho ezolekelela khona abalimi ukulusebenza laphile.

Nonyaka kuzogxiwa ekutshalweni kwezithombo eziuhlaza kanye nobhotshisi beso kuya ngokuthi yiluphi uhlobo Iwesitshalo esinothe kuleso naleso sifunda.

Impumelelo yalolu hlelo uSithole-Moloi uthe izobonakala ngokuthi abalimi bomphakathi bakwazi ukubeka ukudla etafuleni baphinde badayise ukuze bazithuthukise bona ngalo msebenzi.

Okukuhulumeni ukuphosa iso nokufaka igxalaba.

Amalungu omphakathi afuna ukubamba iqhaza kulo msebenzi kumele axhumane nabeluleki bendawo azinze kuyo.

USithole-Moloi uthe lo msebenzi ubheke kakhulu ukusiza abesifazane nentsha ekutheni bathole imisebenzi abazoyenza ukuze nabo babe neqhaza elihloniphekile entuthukweni yezomnotho esiFundazweni.



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Sihle Zikalala kanye noMphathiswa wezoLimo nokuThuthukisa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni, uNkk Bongiwe Sithole-Moloi



UZOSETHULA EZINGENI LIKA ZWELONKE UNGQONGQOSHE UKHOZA ISICELO SOKUBA KUBHEKELELWE ABASEMAKOMIDINI EZINHLANGANO EZINGENI NZUZO

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukisa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Nonhlanhla Khoza uthi uzosisiqhubela ezingeni lika zwelonke isicelo esiphuthumayo sabasebenzela amakomidi ezinhlangano ezizimele sokuba bathole okuthile ngomsebenzi abawenzela umphakathi.

Lokhu kuvele emhlanganweni wokuqala ezingeni lesiFundazwe phakathi kukaNgqongqoshe uKhoza nezinhlangano ezizimele ezaziwa ngama NPO (Non-Profit Making Organisations) ezixhaswe uMnyango wakhe ngemali eyevileku-R1 billion. Lomhlangano ubusedolbheni elisesiFundeni saseMgungundlovu e-City Hall engaphansi koMasipala uMsunduze muva nje.

Abamele ama-NPO bebeqhamuka eziFundeni ezingama 12 okukhona kuzo Amajuba, uThukela, uMzinyathi, eThekwini, iLembe, King Cetshwayo, uMkhanyakude, Zululand, Harry Gwala, Ugu kanye noMgungungundlovu. Abaholi abamele izinhlangano zaKwaZulu-Natali ezihlomulayo eMnyangweni ezingaphezu kwasibalo esingange 3 000 batshele uNgqongqoshe uKhoza njengosihlalo wabo omusha (ngokubambisana noMnumzane S. Gumede omele ama-NPO), ukuthi kungakuhle uma



abantu abahlala emakomidini aphethe amaNPO bengathola otikana noma usizo oluthile ngomsebenzi abawenzela Iezinhlangano. Batshele uNgqongqoshe uKhoza ukuthi nakuba bekuqonda ukuthi izinhlangano ezingeni nzuko akumelanga ukuba ziholele abantu abayama volontiya aphethe Iezinhlangano, kodwa kungakuhle uma kungabakhona okuthile abakutholayo. Abantu abahlakahlukena bakhulume ngenselelo yokuthi akubi kuhle uma umuntu osekomidini lenhlangano engenzi nzuko ebhekene nomsebenzi wezikulisa wokuzithengela ukudla kodwa ebe ewumuntu ontulayo naye odinga usizo. Ethula inkulomo yakhe, uNgqongqoshe uKhoza uthe: "Ngaphandle kwamaNPO umsebenzi woMnyango wezokuThuthukisa koMphakathi kobe awuphelele. Yingakho ukuphumelela kanye nokusebenza kwenku okuhloniphekile kubalulekile

kuthina njengomnyango ngoba amaNPO noMnyango asebenzela abantu ababodwa.

"Sonke siphokophelele ukuba ikusasa lezingane zethu emiphakathini yethu kube elingcono ukuze abantu babone ukuthi uMnyango kaHulumeni owaziwa ngokuthi yi Social Development uMnyango onakekelayo.

"Njengomnyango siphokophelele ekutheni sihambisane neziquondiso eziyisikhombisa ezikhishwe inhlangano ebusayo okukhona kuzona ukusebenza komphakathi okuphusile futhi okuphephile, phecelezi social cohesion and safe communities, njengoba loku kuhambisana nomsebenzi obhekene noMnyango.

"Sihlangene lana namuhla ngoba siyakuqonda ukuthi amaNPO aneqhaza elibalulekile ekuyseni izidiso zabantu emiphakathini ngokuthola izimali kuHulumeni ngokulawulwa imigomo kanye nemithetho kaHulumeni. "Yingakho sifisa ukuba kubekhona

ukubambisana nokusebenzisana okuhle neziphathi mandla zoMnyango ukuze umsebenzi

wamaNPO emiphakathini yethu ulawuleke ngendlela eyiyo. Kumele sivumelane ukuthi kuzodinga sihlae sivuselela futhi sibuyekeza indlela esisebenza ngayo ukuze ihambisane nesikhathi esiphila kusona kanye nendlela yokusebenza eshaintshashintshayo.

"Loko kuzosiza ukuba izidiso nezimfuno zabantu esibasebenzelelalo zenzeke ngendlela. Kumele izimali esizihlomulayo kuHulumeni njengezinhlangano kube sobala ukuthi zenzani futhi ukusebenza kwazo kwenzeke ngeqiniso, phecelezi accountability, transparency, integrity and good governance. "Siyazi ukuthi zibakhona izilingo uma unikwe imali yokusebenzela umphakathi.

Yingakho kumele sisizane ukuze ukulingeka kungoni umsebenzi okumele siwenzele abantu. Izinkulisa azingafaki izicelo zemali zabantwana abayi 100 kodwa bebe beyama 30 abantwana abahamba inkulisa. "Njengoba sihlangana nje izwe lethu likhunethwe yinselelo yokuhluqeyewa, kanye nokubulawa kwabantu okuncike ebulilini, phecelezi gender-based violence, ikakhulukazi ukubulawa kwabesisafazane nezingane.

NakulesiFundazwe siyaqhubeuka

nokubona izigameko lapho izingane zibulawa yilabo okumele engabe bayazifukamela bazivikele.

Yingakho sidinga ukubona izinhlelo zokuhlunyeleliwa nokuguqulwa kwezimilo kubantu.

"Ngaphambilini bekugxilwe ekutheni kuhulunywe nabantwana besifazane. Manje sekumele sigile nomntwana wesilisa. Kumele siqhamuke nezinhlelo ezizofundisa ziqaqeshe umntwana wesilisa ukuba asakhele isizwe esingcono esinakekelayo futhi esingenalo udlalme," kusho uNgqongqoshe uKhoza. Kulomhlangano bekukhona nomele abakwa National Lotteries Commission (NLC) ochazele ama NPO ngokusebenza kwe NLC.

Umcimbi ubuhanjelwe abaphathi boMnyango kanye nabaholi bezinhlangano ezingeni nzuko okubalwa osihlalo bama NPO ezingenni lomphakathi, isiFunda, kanye nesiFundazwe, kanti uMnyango ubumelwe ama menenja ama Service Office, aweiFunda, kanye nawase nhloko hovisi akade beholwa iNhloko yoMnyango, uNkosikazi Nokuthula Khanyile.

Uhlelo IoMnyango lokusebenza kwama NPO lengamelwe uphiko olubhekene nentuthuko nophenyo olwaziwa nge Development kanye ne Research, oluphethwe uDokotela Dumisani Xaba.

KZN ANNOUNCES PLAN TO END VIOLENCE AGAINST WOMEN AND CHILDREN

KwaZulu-Natal will soon have an army of champions who will promote gender equality and help reduce violence against women and children in the length and breadth of the province.

This is one of the provincial government's interventions contained in a multi-faceted plan aimed at decisively dealing with the root causes of violence against women and children announced by KwaZulu-Natal Premier, Mr Sihle Zikalala.

"We will from today start identifying champions who will be trained in promoting gender equality and reducing violence against women and children."

Our focus is on changing attitudes and promoting positive behavioural change among men.

The first step is to advocate for the positive socialisation of boys and men to respect women and to protect their dignity.

This is fundamental in preventing the abuse of our daughters, sisters, and mothers," said Zikalala.

The provincial government's plan is informed by the comprehensive national strategic plan and the emergency action plan announced by President Ramaphosa in the joint sitting of parliament on the 18th of September 2019.

At the heart of the KZN programme of action are concerted efforts to strengthen co-ordination between various government departments and other government agencies as well as to improve collaboration with stakeholders to combat the scourge of gender based violence, punish perpetrators, and support victims

UMnu SIHLE ZIKALALA

UNDUNANKULU KWAZULU-NATAL



and survivors. Zikalala also encouraged victims of gender-based violence in KZN to make use of a 24-hour call service which is managed by qualified social workers by calling 087 158 3000. "A team of senior government

officials has been formed to identify hotspots that pose a higher risk to young people getting physically harmed or harming those around them.

These will include pubs, taverns, and nightclubs that are frequented

by young people, often college and university students," the Premier said.

The KZN Liquor Authority will play an active role in monitoring the identified areas through more stringent regulations on trading

hours and actively promoting anti gender based violence messages at liquor outlets.

The provincial government will also embark on a massive campaign to mobilise local communities to support victims and their families.

This will occur in their homes, at police stations, and courts. This campaign will also monitor progress on cases, campaign against bail and parole for those charged with gender based crimes and demand harsher sentences for those found guilty of abusing women and children.

"Government is also of the view that poverty, lack of skills, unemployment and gender inequality increases the dependency of women on men and thus their vulnerability to abuse," he said.

"In order to turn around this unideal situation, we have to vigorously pursue our radical economic transformation programme, particularly as it relates to the emancipation of women and the youth.

"In this regard, the provincial government targets 30% set asides for women, youth and SMME.

Also, by 2024, 50 % of government spend on entrepreneurship will be given to women owned and led business," the Premier concluded.

UMnyango wethule ngokusemthethweni iviki lokukhuculula

ANDILE KHOZA

UMnyango wezoku Thuthukiswa koMnotho ezoku Vakasha kanye noku Ngiwa kweMvelo kwaZulu-Natali noholwa umhlonishwa uNkk Nomusa Dube-Ncube mhla ziyi shumi neskombisa kuMandulo (17 September), wethule iviki lokukhuculula kanye nokuguqula imfucuza ibe yinzuko phecelezi (Clean-up and Recycling SA week).

Lomkhankaso ogujwa minyaka yonke umhlaba wonke usuke uqhakambisa ukuguqula imfucuza ibe inzuko waqala eminyakeni engaphezu kwamashumi amathathu (30) eyedlule, lomkhankaso waziwa ngokuthi i-International Clean-up and Recycling week.

Yingaleso sizathuke uNkk Nomusa Dube-Ncube ehambisana nabasebenzi boMnyango wakhe abasenza ophikweni elibhekelele ukunakekelwa kweMvelo behambele indawo yase Mondlo kwaGoqo engaphansi komasipala wa Baqulusi Local Municipality ongaphansi kwesifunda sase Zululand ukuyoqhuba wona lomkhankaso, bafike bakhuculula

uMhosha onqamula phakathi elokishini laseMondlo, lomhosha uncoliswa kakhulu abantu abawakhele lapho yonke into eyimfucuza edinga ukulahlwa beyilahla khona.

Ungqongqoshe akagcinanga lapho uphinde watshala izihlahla masondelana nawo lomhosha waphinde wakhombisa abantu bendawo ukuthi iyiphi imfucuza abangiyiguqula ukuze ibalethelele inzuko.

Lomkhankaso ubuqhutshwa ngaphansi kwesiqbulo sawo uMnyango esithi (Good Green Deeds Campaign) nokuyilapho umnyango usuke ugugquzela uphinde uqoqe umphakathi ukuthi ukhuculule, utshale izihlahla uphinde unakekele indawo abayakhele ngoba iyigugu kubona.

Akufuzile siyike ukukhuculula izindawo esizakhele ngoba ziyigugu kuthina futhi ziyikusasa lezingane zethu, yingakho uma ikhona indlela yokuhendula imfucuza ibe umnotho sibe sivekela iMvelo akube njalo, mina ngizozama ngakkohonke okusemandleni

ukuvikela ukunyukubezwa keMvelo" kubeka uNgqongqoshe.

Ungqongqoshe uphinde wagcizelela kosomabhinisi abasafufusa abaguqula imfucuza bayenze inzudo ukuthi nabo banalo ilungelo lokufaka izicelo zoxhaso ngaphansi ktheskhwama esaziwa ngokuthi I Operation Vula Fund.

Umnyango uyathemba ukuthi ngaloluhlelo uzokwazi ukuvundulula amakhulu osomabhinisi abasafufusa abenza lomsebenzi wokukhuculula nokuguqula imfucuza ibe umnotho ikakhulukazi ezindaweni ezisemakhaya kanye nasemalokishini.

Ungqongqoshe uphinde wakugcizelela ukuthi umnyango wakhe uzoqhubeka ukuvakashela zonke izifunda zaKwaZulu Natali ekushumeyeleni ukunakekelwa kwemvelo.

Akagcinanga lapho uphinde wadicilela phansi izitshalo zokufika kuleleli ezikhinyabeza imvelo kuwo lomhosha wakwaGoqo.



IGUJWE NGEMPUMELELO INYANGA YAMASIKO NEZOKUVAKASHA - KWAZULU-NATAL

sifundazwe sa KwaZulu-Natal asihlotshisiwe nje ngobuhle bendalo nje kuhela, kodwa futhi sinothe kakhulu ngakwezomlando kanye namasiko njengoba sihlanganisa imiphakathi eyahlukahlukene nezinhlanga eziningi okuhlanganisa abokudabuka e-Afrika, e-Asia kanye nase-Europe. Lokhu kwenza lesifundazwe sihambe phambili emkhakheni wezokuvakasha, okuyimboni evula amathuba amaningi ezohwebo kanye nawemisebenzi.

Akumangalisi-ke ukuthi noHulumeni kaZwelone uqoke ukuthi njengoba inyanga kaMandulo ihlanganisa ukugujwa nokuqhakanjiswa kwamaSiko kanye nokukhuthaza ukukhulisa kwemboni yezokuvakasha, uqoke ukuthi uSuku loMhlaba IwezokuVakasha (World Tourism Day) lapha kulelizwe lugujelwe lapha KwaZulu-Natal.

Ngakhoke uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo Kwazulu Natali, uNkk Nomusa Dube-Ncube wemukele abaholi abehlukene abavela emkhakheni eyahlukene kwezokuVakasha, kubandakanya oNgqongqoshe bakaZwelone kanjalo nosomabhizinisi kulomkhakha wezoMnotho, emcimbini obubanjelwe esikhungweni esiyisikhumbuzo salapho okwaboshwa khona lwo kowaba nguMongameli wokuqala wezwwe lase-Ningizimu Afrika elikhululekile, uDr Nelson Mandela.

Lendawo eseHowick, ngaphansi kuka-Masipala waseMngeni, eMgungundlovu isingeziye

UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL



UNggongqoshe nezihambeli ebezihambele umncimbi

ezithathwa njengamagugu esizwe, okwenza futhi ihehe izivakashi ezvela emhlabeni jikelele.

Lomcimbi unikeze ithuba isifundazwe ukuthi sikhombise ngobuhle okungamagugu enza elaKwaZulu-Natal lihlonishwe umhlabo wonke. Njengoba

kuphawuliwe ngenhla, bekukhona noNgqongqoshe kaZwelone uNkk Mamoloko Kubayi-Ngubane nethimba lakhe lezikhulu zoMnyango kanye nabavela ophikweni okusingethe ezokuVakasha kuzwelone, i-Tourism South Africa. Khona

manjalo bekukhona namalungu ePhalamende abhekelele izindaba ezithinta ezokuvakasha njengoba kade beholwa usihlalo wekomidi lezikuvakasha khona ePhalamende uMnu Supra Mahumapelo. Ephawula ngokubaluleka kwemboni

ElaKwaZulu-Natal LiyaqhubeKa Nokuba Yintandokazi Yemicimbi Eseqophelweni Lomhlabo

Sekuyinjwayezi ukuthi abahleli nabagqquqzeli bemicimbi esezingeni lamazwe omhlabo baqoke elakwaZulu-Natal njengekhaya lokusingatha lemicimbi, ikakhulukazi ezemidlalo.

Lokhu kuyinkomba yokuthi lesifundazwe asihlomile nje ngezindawo eziseqophelweni eliphezulu zokwemukela izinkulungwane zabantu abavela emhlabeni jikelele, kodwa futhi kuyinkomba yempatho ekhonjiswa izakhamuzi ezivakashini.

Kulandela uhide lwemicimbi esike yasingathwa yilesifundazwe phambilini, kubandakanya neNdebe yoMhlaba kwezikaNombutshuzwayo ngo-2010, elakwaZulu-Natal seliphinde lagixabezwa ngomsebenzi wokusingatha omunye wemicimbi ehamba phambili emkhakheni wezemidlalo emhlabeni, i-World Football Summit ozokuba ingenyanga ka-Nhlolanja ngonyaka ozayo.

Lengqungquthela ezohlanguanisa zikhondlakhondla emdlalweni webhola lezinyawo, kulindeleko ukuthi udonse abantu abaningi

abasuka emagumbini amane omhlabo, okuyinto ezokwengeza inzuso embonini yezokuvakasha.

Njengoba ibhola liyintandokazi emhlabeni wonke, kulindeleko ukuthi lomcimbi wethanyelwe amazwe angu-80 njengoba kuzokuba nezikhulumi nongoti kwezemidlalo abalinganiselwa ku-90 - besekuthi izethameli zengqungquthela zibengu-3 200.

Kwazise umhangano womhlabo lona, balinganiselwa ekhulwini (100) abacosheli bezindaba abazokwethamela lomcimbi.

Bonke labantu, okuhlanganisa abamele amaqembu kanobhutshuzwayo angu 160 bazodinga izindawo zokulala, ukudla, exemplilo, ezokungcebeleka kanye nezokuthutha - okusho amathuba kosomabhizinisi bakulesifundazwe.

Impumelelo yokuqokwa kwalessifundazwe imemezelwe emhlanganweni obusenhlolo dolobha yase-Spain i-Madrid lapho uNgqongqoshe wezoku-Thuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo, KwaZulu-Natal, uNkk



Nomusa Dube-Ncube kade ehola khona ithimba laKwaZulu-Natal.

Lesifundazwe sasifake isiphakamiso sokuthi abagqquqzeli be-World Football Summit, baqalaze nangapha ngesikhathi behlonza izwe nedolobha elikufanele ukusingatha lengqungquthela.

Ngokwesekwa nawuHulumeni kaZwelone, elakwaZulu-Natal likuphindile elidume ngakho, lahlithuba lelithuba eliyingqayizivele

kwezinye izindawo namazwe omhlabo, njengoba abagqquqzeli bevumelane ngo-elethu ukuthi kuhlanganelwe eThekwini, esikhundleni sezinye izikhungo nazo ebezikhankasele ukusingatha lomcimbi. Lapha singabala amagama amadolobha aziwayo emhlabeni asemazweni afana no-Canada, Hong Kong kanye no-Argentina.

Ephawula ngalempumelelo, uNkk Dube-Ncube uthe, "Sengingaku

yezokuvakasha, uNkk Dube-Ncube uthe lomkhakha, "Udlala indima enkulu kakhulu emnothweni wethu.

Akugcini lapho ngoba uphinde wakhe uxhaxha Iwamathuba emisebenzi.

Buka nje ngonyaka ophelile sakhe amathuba angu 62 000 emisebenzi eqondile saphinde sadala amanyi angu 124 500 kuwona lomkhakha axhumene nazo belu ezokuvakasha".

Okuphuwulekayo wokuthi nakuba umnotho womhlabo wonke uke ubhekane nobunzima, kodwa imboni yezokuvakasha kuvamile ukuthi ikwazi ukusimama, futhi ikhule njengoba ngonyaka ophelile ifake isamba senzuso esilinganiselwa kuR21 billion lapha KwaZulu-Natal.

U-Ngqongqoshe uDube-Ncube uphinde wezwakalisa ithemba elikhulu ukuthi njengoba kubhekwe kumaholide asehlobo, okungaka-Khisimus noNcibilijane, elakwaZulu-Natal lizoqhubeKa nokuheha izivakashi eziningi, okuzokuba nomthelela omuhle emkhankasweni wokusungula amathuba emisebenzi ukuze kubhekwe nobubha.

Phakathi kwezinongo ezithandwa izivakashi, kubalwa amagugu namasiko ehlukahlukene besekuba ubuhle bendalo njengeziNtaba zoKhahlamba, iziqwi eziningi kanye nogu lolwandle oluhlala lufudumele unyaka wonke.

Ngaphezulu kwalokhu, iNyanga yaMasiko, ikhuthaze ukuthiabantu baziqhenye ngamasiko abo kuholanganisa izivatho kanye nokudla okunhlobonhlobo, okuvamise ukuheha izivakashi.

balula ukuthi sibuye nayo leNgqungquthela ngokusemthethweni. Sasishiko-ke siwuMnyango ngo-2018 ukuthi siyanikwa leligunya kodwa bekusafuneka abaphathi balengqungquthela bazezelise ukuthi impela konke kumi ngomumo.

Sikhethiwe-ke ngomhlaka 24 kuMandulo laphaya edolobheni IaseSpain iMadrid".

Uma kusetshenziswa izibalo zemicimbi yaphambilini esezingeni Ie-World Football Summit 2020 kungahle kwensiwe inzuso elinganiselwa ku-R800 million ehlanganisa zonke izingxene zoMnotho ezizobe zithinteka kulengqophamlando yomcimbi ozobe futhi ukhonjiswa kumabonakude, uphinde wethulwe emithonjeni yabezindaba eyahlukene emhlabeni jikelele.

U-Ngqongqoshe Dube-Ncube uwakalise ithemba lokuthi elakwaZulu-Natal lizophinde likhombise umhlabo wonke ukuthi kungani liyingqwele emkhakheni wezokusingatha imicimbi yomhlabo kanye nokuheha izivakashi!

YOUR HOUSE IS NOT YOUR HOUSE UNTIL YOU HAVE A TITLE DEED

PORTE MYAKAYAKA

This is the mantra of the KwaZulu-Natal Department of Human Settlements during the month of September as it embarked on an extensive title deed hand over campaign to assert security of tenure for many beneficiaries across the length and breadth of the Province.

In South Africa, the ownership of property is an emotional issue.

That is why it is important for Municipalities, in conjunction with the Department, to empower residents by giving them ownership of their homes.

The lives of 635 families in Wards 17 (Ambleton) and 18 (Edendale BB) changed forever when the Honourable, MEC for Human Settlements and Public Works, Ms Peggy Nkonyeni together with the Honourable Premier, Mr Sihle Zikalala ensured that they became home owners.

The 367 beneficiaries from Ambleton and 268 from Edendale BB were given rightful ownership of their houses in line with the Department's Title Deeds Restoration Programme (TRP) which is currently being fist-tracked. The MEC was pleased to note that the TRP has allowed qualifying residents to benefit and will assist in addressing the backlog of title deeds.

The Premier reminded beneficiaries that they were now responsible for the care of their property and to ensure that it grows

UNkk PEGGY NKONYENI

UNGQONGQOSHE WEZOKUHLALISWA KWABANTU
NEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



Gogo Vimble Grace Madlala (91) receives her title deed from Premier Sihle Zikalala, whilst MEC Peggy Nkonyeni shares her joy.

in value. He also warned beneficiaries not to sell their

government houses before eight years and not to use their title deeds

to secure loans from loan sharks. "When title deeds are handed over,

PLANTING HOPE IN ILEMBE

SIYABONGA SIGWEBELA

In an effort to create vibrant agricultural communities and improve food security, KwaZulu-Natal MEC for Human Settlements and Public Works Nelswa Peggy Nkonyeni launched the district-wide planting programme in Ilembe District Municipality. MEC Nkonyeni is the Operation Sukuma Sakhe (OSS) MEC District Champion for Ilembe District and was accompanied by the District Municipality Mayor Cllr S.Gumede and four Mayors from the four local municipalities.

The planting programme saw the provincial government providing farming implements and seeds to deserving Cooperatives and small holder farmers in all 11 districts. MEC Nkonyeni with the leadership first visited the Injobo Ithungelwa Ebandla Co-operative. This co-operative is made up of twelve (12) members and consist of ten (10) females and two (02) males. They plant different vegetables such as cabbages, green beans, spinach amongst others. They have employed 10 people.

This Co-operative was formed in 2010 and has 12 hectares of land where they plant from. Their biggest buyer is Enterprise Ilembe. Mrs Thandazile Msomi (47) who is the



MEC Nkonyeni leads the delegation of leaders in promoting planting

chairperson of Injobo Ithungelwa Ebandla in giving her testimony said, "We are very grateful for the assistance we received from government". "The different government departments have sponsored us with tractors, hand hoes, seedlings and other tools that have helped us to be where we are today". She further encouraged other women and her community at large to take up planting as a hobby and make money at the same time. In delivering her keynote address MEC Nkonyeni firstly

acknowledged the work done by Injobo co-operative in fighting unemployment and hunger at the same time. "We are very grateful to people like Mrs Msomi who has fought unemployment and poverty through her co-operative". She encouraged the community members to use the systems that were used by our great grandfathers and mothers to plough. "The good thing about planting fruits and vegetables is that most of them can cure diseases" concluded MEC Nkonyeni.

AKUME UKUHLUKUMEZA ABESIVAZANE

Ukuphumela obala kwabantu besifazane bakhulume yiyona nto kuhela eyoqeda isihlava sokuhlukunyezwa kwabo emphakathini, emakhaya nasemsebenzini.

Lokhu kushiwo nguNgqongqoshe wezokuHlalisa kwaBantu neMisebenzi yemiPhakathi uMhloniswa Nelswa Peggy Nkonyeni emhlanganweni obuhanjelwe izisebenzi zabisifazane abavile ku 800 bayo yomibili iminyango ayisingethe obuseThekwini.

Lomhlangano ubuzoqwashisa abesifazane ngesihlava sodlame nokuhlukunyezwa okubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Umhlonishwa uNgqonggoshe uNkonyeni uthe lokhu kuhlukunyezwa ngobulili nodlame olubhekiswe kubesifazane osekuyinsakavukela umchilo wesidwaba kumele kuphele.

"Bakwethu kumele futhi silikhulume iqiniso ukuthi lokhu kwenye inkathi akuya ngobulili ngokuthi abesilisa kuphela abahlukumeza abafazane ngoba bakhona nabanye besifazane abahlukumea abanye besifazane ikakhulukazi emsebenzini, asilikhulumeni iqiniso nje,"

it is done so to empower people and give them liquidity. There are processes in place to prevent corruption.

When a beneficiary applies for a house or subsidy, he or she can do so once. And for those who try and abuse the system, there are penalties in place", he cautioned.

One of the beneficiaries, Gogo Vimble Grace Madlala (91) said: "I feel very happy and would like to thank the MEC for giving me my title deed. I will never forget this special day.

This property is for me and my family." Ms Ningi Angeline Ngubane (52) was also in jubilant mood and had been waiting for her title deed.

"The day has finally come and I can now say that I truly own my house", she said.

The handover was yet another clear demonstration of Government's commitment to restoring dignity and creating a better life for all.

"We will continue striving towards establishing an enabling environment so that we are better placed to grant beneficiaries security of tenure and make more residents legal homeowners by handing over these title deeds, said MEC Nkonyeni.

kuphawula uNgqonggoshe uNkonyeni. Uqhubeke wathi aekho umuntu ongasebenza kahle emoyeni ephukile engaphathikile kahle futhi yingakho kumele kupheze ukuhlukunyezwa abesifazane ngabanye abesifazane ngoba bebabethe ngokwezikhundla emsebenzini.

"Khona futhi lapho singabesifazane asikulwiseni ukuxhashazwa kwabesifazane ngokocansi lapho kumele balale neziphathimandla zabesilisa ukuze bathole ukukhushulelwazebikhundleni ezingaphezelu noma bathole ukuqashwa," kusho uMhlonishwa uNgqongqoshe Nkonyeni wananelwa yinhlokomo yehlombo lophuma kwizinkumbi zabesimame abebe gcwalise indawo yokwenzela imicimbi esesiteshini sikaLoliwe eThekwini.

Kulomhlangano abesifazane bacijwa ngezindlela eziphusile zokuphatha izimali baphinde futhi batshelwa ngezimpawu abangazibheka emizimbeni yabo eziqondene nempilo yabesifazane ukuze basheshe bakwazi ukubona uma becathanyelwa yizifo ezifana nemidlavozo yamabele, isibeletho kanye nokunye.

OWEZEZIMALI WETHULA UHLELO LOKUTSHALA EMGUNGUNDLOVU

SIBONELO MSOMI

Wehlulwe ukuzibamba wagida uNksz. Sibongile Khuzwayo ngesikhathi kutheleka uNgq. Ravi Pillay egcekeni lakhe ezomgquqquzelu ukuthi aqhubeke nokulima.

Kuthele izithelo ezinhle ukwethulwa kohlelo lokutshala esifundeni uMgungundlovu njengoba umlimi osathuthuka ehlomule ngoxhaso lethangi lamanzi, umshini namapayipi okucheleta kwaSwaimane.

UNkosazane Sibongile Khuzwayo (65) wasesigodini saseTsheni, kuMasipala uMshwathi, uvune izithelo zokukuthala kwakhe ngesikhathi uNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal uRavi Pillay etheleka kule ndawo kuleli sonto.

UNqongqoshe ubeqiqinge ithangi lamanzi, umanyolo, izithombo kanye nembewu wanikela kuMlimi uKhuzwayo ngoba ehlonzwe njengomuntu othanda ukulima kule ndawo eku Wadi 13.

"Uyeza umshini wokucheleta nawo engiwunekela kule ntokazi endala ezigqajayo ngokushaya igeja. Kuyabonakala ukuthi lona ngowesifazane osebenza ngokuzikhanda ngoba sifika njena insimu yakhe isiqaliwe ukulima njengoba sekuyisikhathi sokuqala ukulima.

"Sigquqquzelu ukuthi abantu bakithi basebenze ngokuzikhanda ukuze silwe nengwadla yobubha, ukuswelakala kwamathuba emisebenzi kanye nokungalingani emphakathini wakithi," kusho uNgqongqoshe. UNq. Pillay ubekuMasipala uMshwathi

SIBONELO MSOMI

MALUKAZI - Kuvuseleleke ithemba kubafundi baseWindy Heights Primary School lokuba yingxene yomkhankaso wezobuchwepheshi i-Forth Industrial Revolution ngesikhathi iNhloko yoMnyango woMgcinimafa, uMnumzane Simiso Magagula, izonikela ngamakhompyutha kulesi sikole.

iNhloko yoMnyango inikele ngamakhompyutha ayishumi kulesi sikole esisendaweni yaseMalukazi ukulekeleta abafundi baso ukuthi bafunde ukusebenzia amakhompyutha besebancane, ukuze bangasali emuva ngesikhathi izwe lithuthuka kwezobuchwepheshi.

Isicelo salolu sizo Iwafika kuMagagula ngokusebenzia i-War Room (okuyisakhiwo sohlelo IkuHulumeni lokusiza umphakathi olubizwa nge-Operation Sukuma Sakhe).

"Awukwazi ukukhuluma nge-Forth Industrial Revolution, kodwa ungahliziki ngolwazi lokusebenzia amakhompyutha kubafundi. Yingakho sibone wukalulekile ukuthi siqale khona

UMnu RAVI PILLAY

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL



UNq. Ravi Pillay ubongela uNksz. Sibongile Khuzwayo ngokuhlomula ohlelweni lwezokutshala olwethulwe esifundazweni uMgungundlovu.

ezokwethula uhlelo lokutshala esifundazweni uMgungundlovu kulandela ukuthi uNdunankulu, uMnumzane Sihle Zikalala, noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya, belethule eNdumo ezingeni lesifundazwe

ngempelasonto edule. "Bayajabula abazali bami lapho belele khona uma sekwenzenka nje ngoba bangifundisa ngisesemncane ukusebenza inhlabathi.

Uma kubonakala okuhle esikwenzayo, kusho ukuthi bawenza kahle umsebenzi wabo

wokusifundisa ukulima. Usizo esiluthola kubeluleki abavela kowezolimo lwenza umsebenzi wethu ube sezingeni eliphezulu. "Amazambane ami aseqalile ukumila ngoba sesiqalile ukusebenza. Umnotho wethu usemhlabathini.

UMAGAGULA UNIKELA NGAMAKHOMPYUTHA ESIKOleni

SIBONELO MSOMI

Iapha emazingeni aphansi ukuze bakhule nalo lolu lwazi olubarulekile ezimpilweni zabo. Phela kulaba bantwana kukhona ikusasa lezwe lethu. Ngabaholi bethu laba - kufanele sibahlomise manje," kuchaza uMagagula.

UMagagula uthe uMnyango woMgcinimafa uzosilekeleta isikole ngokusebenza kwamakhompyutha.

Ucele umphakathi owakhele lesi sikolekuthi ube yihlo likahulumeni uvikele isikole nezinsiza eziphakathi kuso kwizelelesi ngoba lokhu kuyifa lomphakathi nesizwe sonke.

UMagagula uyiNhloko yoMnyango ejutshwe ukusebenzela eThekwini ngaphansi kwa-OSS.

Lo mnikeloo yingxene yokungenelela kukahulumeni ekulekeleleni imiphakathi entulayo eThekwini nasesifundazweni.

Kokunye asekwendile wukuhlinzeka amathangi amanzi ezikoleni lapho kunezinkinga zokwenthuleka kwamanzi, ukuhlinzeka abafundi abasuka emakhaya antulayo ngemifaniswano, ukuhlinzeka amakhompyutha nama-laptop

ezikoleni, njll njll. "Sikwenza lokhu ukuze silekelele izikole kube lula uma zifundisa abantwana bethu, nabo abantwana bangaphazamiseki uma besesikoleni.

Lo mnikeloo yimbewu yezithelo ezinhle ezizothela kusizakale izwe lethu nomhlaba wonke lapho laba bafundi sebekhulile," kwengeza inhloko yomnyango.

UThishanhloko wesikole uNkk. Thembekile Makhanya uthembise inhloko yomnyango ukuthi lo mnikeloo uzoba nenzozo enkulu esikoleni.

Uthe lokhu kuzolekelela nomphakathi ngoba lesi sikole sakhelwe wumphakathi onabantu abaningi abantulayo.



iNhloko yoMnyango kaMgcinimafa wesifundazwe, uMnu. Simiso Magagula, unikela amakhompyutha eWindy Heights Primary School. Lapha uthwetshulwe emi noThishanhloko, uNkk. Thembekile Makhanya, nabafundi kuso lesi sikole.

Siyazi sonke ukuthi ayikho inkomo yobuthongo. Asisebenzeni," kusho uKhuzwayo. Lolu hlelo oluzosebenza kuma-hectar angu 16 162 nolugamanxe ezifundeni zonke, iuzodla ngapezulu kuka R160 million.

Abanye ongqongqoshe bazolusabalalisa kwezinye izifunda kulesi sifundazwe. "Uma lolu hlelo luhambe kahle, kungaqasheka abantu abangu 500.

Kuzovuleka namathuba osomabhizinisi abasathuthuka ukuthi babambe iqhaza ohlelweni lokusebenza imishini nogandaganda uma kulinywa. "UHulumeni wesifundazwe uzo uzolekelela abalimi abasathuthukayo ngokubanika omanyolo, izimbewu, imithi edingakakaayo kwezolimo kanye nemishini (esibala kuyo nabogandaganda).

"Sizophinde silekelele abalimi ngokuthola izimakethe zemikhiziq yabo silandela uhlelo luhulumeni olubanzi lokuguqula umnotho ukuze kuhlomule abantu abamnyama (Radical Agrarian Socio-Economic Transformation)," kuchaza uNgq. Pillay. UNq. Pillay uthe kufuneka ezolimo zibambe iqhaza elibalulekile ekuthuthukisweni umnotho wesifundazwe.

Ubejabule ezincinza ingqulu uNgq. Pillay uma eza ukuthi bangu 60% abesifazane abayingxene yealolu hlelo.

"Sifuna ukwakha imiphakathi ezibambele mathupha kwezolimo, lapho abesifazane bedlala khona indima ebalulekile.

Esibalweni sabantu abantu 8041 esifundazweni, abantu 4849 bangabantu besifazane," kuqhube uPillay.

UMNYANGO EMKHANKASWENI WOKUNAKEKELWA KWEMFUYO EMNAMBITHI

LONDIWE MASHUKU NGIDI

ODOKOTELA bezilwane abasebenza ngaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali baphume kobuningi babo eMnambithi, lapho behambela imiphakathi entulayo ngenhlosi yokujinisekisa ukuthi le miphakathi iyazinakekela izilwane ezifuyile.

Lo mhankaso wenziwa zinyanga zonke ngokusebenzisana nezinhlango zabalimi bakuleya ndawo ukubasiza ngokubahlizenza ngemithi nemigomo abayidingayo ukuze balwe futhi bavikele imfuyo nezilwane zabo ekuthetholekeni ngezifo. Odokotela bezilwane baphuma nezinsiza kusebenza zokwelapha izilwane ezahlukene futhi bafundisa abalimi ngezindlela zokunakekela izilwane zabo.

Impifikathi iyazuza kakhulu ngalolu hlelo Iwamahala njengaloku bekwazi ukuletha izinkomo, izimbuzi, amakati kanye nezinja ukuba zizogoma, izinkomo zifakwe uphawu olukhombisa ukuthi ubani umnikazi wazo, ukuthenwa, ukulashwa kwezilwane ezigulayo, ukuthola amavithamini kanye nokuthola imithi yokubulala izimpethu. "Isilwane esiphilile siwazi ukumelana nezifo siphinde siwazi nokululama ngokushesha uma singaphilile. Isilwane esingaphilile sisebenzisa imali nesikhathi esiningi somlimi noma umnikazi wesilwane. Kuye kudingeka ukuthi umnikazi walesilwane athenge imithi,

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



bonke bagcine izilwane zabo ziphilile," kusho uDokotela Saadiya, ongomunye wabafundi abaqashwe uMnyango ukuzothola isipiliyon i sokusebenza kulo mkhakha wokwelapha izilwane.

Izifundo abaphume nazo abalimi ukuthi Imishangozo isheshe isebeenze uma inikezwe ngesikhathi, yingakho kubalulekile ukuthi umnikazi wesilwane asheshe abone uma singaphilile ukuze asheshe athole usizo. Ukubona ukuthi isilwane sakho siphethwe yini, kubalulekile ukubheka izimpawu ezitshengisa ukuthi isilwane sinasiphi isifo. "Isilwane esiphilayi sidla ukudla ngesikhathi esifanele, siyanyakaza emini sihambe sifuna ukudla, amanzi nompheme.

Sihamba nezinye izilwane asihambi sima sodwa, asihambi sixhuga noma sihambe siphefumulela phezulu. Sinamehlo ahlanzekile amhlophe akhanyayo." kuchaza uDr Saadiya. Enye yezinto

abazibalule kakhulu kubafuya bezinja namakati ukubaluleka kokuthena. "Ukuthena indlela ejwayelekile yokuqeda inzalo kwinja yesilisa neyesifazane. Isizathu sokuthena ukulawula inani lezinja namakati kulomphakathi," kusho Dkt Percy Morake, ongungoti ofunde kabanzi ngokuphathwa kwezifo ezithile zezilwane.

Kugqugquzelwe abafuyi abanezinja namakati ukuthi baqaphele isifo samarabi esigcina siholele ekufeni komuntu noma isilwane esinaleso sifo.

Izimpawu zehlukene futhi zibandakanya ushintsho esimweni esiyona, ukuba nochuku, ukuba namathe amanigi nokuhubazeka komzimba okuphazamisa indlela yokuhamba. Igcwane lalesi sifo ligcwala kakhulu ematheni ezilwaneni ezinalelo.

Ukusinqanda lesi sifo samarabi kuxhwayiswa umphakathi ukuthi ugome izinja namakati azo nezinye izilwane.

Kufanele futhi ungavumeli izilwane zibe Iuvanzi emgwageni kanye nokubika noma ingani abakusolayo ngezilwane endaweni ebhekelele ukwelashwa kwezilwane noma emaphoyiseni.

"Uma ulunye yinja hlanzisa isilonda ngesibulali magciwane, futhi phuthuma ngokushesha uyobonana nodokotela noma uye emtholampilo, xhumana ngokushesha nesikhungo sikahulumeni esibhekele ukwelashwa kwezilwane," kusho uMorake.

I-KZN IBAMBE INGQUNGQUTHELA YOMHLABA EKHUTHAZA EZOLIMO EZINDAWENI EZINGAMADLOBHA

SIMPHIWE NDWANDWE

ISIFUNDASWE saKwaZulu-Natali sibambe ingqungquthela yesithathu eyenzeka minyaka yonke ezingxenyeni zomhlaba ezechlukene eyaziwa ngokuthi yi-International Urban Agri-Summit ebise-Inkosi Albert Luthuli Convention Centre eThekwini mhlaka-16 Septhemba nonyaka. Obekuseqhulwini kule ngqungquthela bekuwudaba lokuthuthukiswa kwezolimo ezindaweni zasemadolobheni ngokwethulwa kwezindlela ezintsha zokulima okubalwa kuzo uhlolo lokulima olubizwa ngokuthi yi-vertical farming, ezolimo ezibhekele ukugcinwa kwemvelo, nokuqhamuka namasu aphusile angayisa lo mkhakha phambili njengaloku kunezingqinamba ezechlukene eziye zawukhinyabeza muva nje njengokuguqguquka kwesimo sezulu nokuncipa komthamo wezimvula kuLanganisa nofuduko Iwabantu belibhekise emadolobheni. Lokhu yizinkinga ezigubuzele imboni yezolimo embulungeni yonke. Izikhulumi ebezivela kuleli zwe, nasemazweni omhlaba bezishiyelana inkundla zikhuluma ngezihloko ezechlukene obekujongwe ngazo ukuhlomisa izethameli ngolwazi olujiyle.

mayelana nemiphumela yocwaningo olwenziwe ukuze kubhekwanu nomthelela izinkinga eseziyalwe ezibe nawo ekukhinyabezeni kwezolimo emhabeni jikelele.

Inqikithi enkulu yengqungquthela ibigxile ekukhuthazeni ukulima manje kugxilwe emadolobheni okuyilapho abantu abaningi asebezinze khona futhi isidiso sokuba khona kokudla esiqgama khona njengaloku abantu bethutholeka ngobuningi kulezi zindawo ngenjongo yokuthola amathuba angcono empilo.

Okuye kwakhanya ukuthi isimo sezuu esiguqguqkayo siletha izinselele eziningi emkhakheni wezolimo oweiwayelekile ogxile ezindaweni zasemakhaya kanti manje izincithabuchopho zibheka ukuthi zingasiguqula kanjani isimo ukuze kufakwe ugqozi kubantu abahlala emadolobheni ukuthi nabo bangene kwezolimo. Isidiso esikhona kwezolimo emadolobheni ngesokulima ngenhlosi yokuzondla kanye nokulima ngenhlosi yokwenza ibhizini. Okushayelwe ihlome elikhulu ukuthi amazwe amanigi abonakala ekukhuthaza ukuthi kulinywe nasemadolobheni ikakhulukazi emafulethini kanti naso

isifundazwe saKwaZulu-Natali sithole okukhulu ukungconya ngeqhaza esilibamble ekukhuthazeni ukulima esilungingwinim ikakhuklukazi ngomsebenzi owenzeka eDube Agripark, ngasesikhululweni sezindiza iKing Shaka International.

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni, uNkk Bongiwe Sithole-Moloi, owethule inkulumo yosuku ngesikhathi kuvulwa ingqungquthela, uthe isifundazwe sesivele sesiqalile ukukhombisa ugqozi lokulima ezindaweni ezingamadolobha. Ngaphandle komsebenzi owenzeka eDube Tradeport Park uthe uMnyango wakhe wethule ezolimo ezibhekele ukuthuthukiswa kwezindawo ezingamadolobha ngenhlosi yokuthi kukhuthazwe abantu ukuthi balime ukudla lapho behleli khona ngisho nasemaulethini. Ut he ukubaluleka kokujinisekisa ukuthi ukudla kuba khona esizweni uMnyango ukukhombise ngokuqala uhlolo Iwe-Multi Planting Season obelethulwa nguNduankulu uZikalala eMkhanyakude maphakathi nale nyanga uSepthemba lapho kuzotshalwa



khona isamba semali engu-R160 million ukuze kusizwe abalimi abasafufusa ukubhekana nalo msesbenzi. Ut he nohlelo lokufukula abalimi abasemadolobheni Iuzohlomula kulokhu ngoba lolu hlelo Iuzohwethulwa kuzo zonke izindawo kuhlanganisa nasezfundeni ezingamadolobha njengaseThekwini. Umhlonishwa uNkk Sithole-Moloi uthe izibalo ezikhombisa ukwanda kwendlala ziyadumaza ngakho kudingeka ukuthi kuphume nesinedolo emkhankasweni wokulwa nendlela emakhaya nasemadolobheni.

"Le ngqungquthela ifike ngesikhathi esikahle kakhulu njengaloku isiFundazwe sizilungiselela ukusebenza uhlolo

lokuthuthukiswa kwezolimo ngomuzwa wokuphuthuma esilubiza nge-Raset., olubhekele intuthuko yezolimo nokuletha uguqko oluphuthumayo olubandakanye nababencishwe amathuba embonini yezolimo," kusho uNkk Sithole-Moloi.

Uthe ezolimo ezindaweni zasemadolobheni kumele zisondewi eduze ezinhlelweni ezisemqoka okuhloswe ngazo ukuthuthukiswa kwezomnotho esifundazweni nokwandisa umthamo o lethwa ezolimo emnothweni wezwe.

Uthe isiFundazwe sizokwenyusa isabelo esilethwa ezolimo emnothweni sisuka ku-R18 billion siye ku-R23 billion ngo-2020 kanti lokhu kuzobe kubandakanya nezolimo ezigxile emadolobheni ngemikhijizo enhlobonhlobo esiguquliwe yalungela izimaketha ezizinze kulezi zindawo.

Le ngqungquthela yeziinsuku ezintathu iphethe ngokuthi izethameli zihambele eDube Agrizone Park, okuyisikhingo sezolimo esibalulwe ngendlela isifundazwe esiziqhanya ngaso ngokuthuthukiswa kwezolimo emadolobheni, kanye nohambo lokubuka idolobha laseThekwini.

CELA EMPUNZINI KUSENETHUBA

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Nonhlanhla Khoza, uwayise abantu besifazane ukuba bangalindi baze babe izisulu zokuhlukumezeka uma bezithola benobudlelwane nomuntu onezimpawu zokuthi uwumhlukumezi.

Ekhulumna emcimbini kaHulumeni wokuya kubantu owaziwa nge Community Outreach, uNgqongqoshe uKhoza utshele umphakathi wasendaweni yakwaThathani ngaphansi kukaMasipala uBuhlebezwe, obusezinkundleni zemidlalo kulendawo muva nje, ukuthi umuntu wesifazane akumele alinde indoda ize imbulale nezingane uma bezibona izimpawu zokuthi ovesilisa uyahlukumeza.

"Uma enezimpawu ezisobala ukuthi akanalo uthando futhi nempatho ayiko, cela empunzini isikhathi sisekhona.

Akekho umuntu onelungelo lokudicilela phansi isithunzi somunye umuntu egameni lohando.

Yingakho uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi unezindawo ezibhekeleni nokukhuselisa abantu abahlukumezekile emakhaya," kusho uNgqongqoshe uKhoza.

Uye wacela abantu ukuba basisebenzise ngendlela isibonelelo esaziwa ngokuthi yi grant-in-aid sokubonga labo ababheka abantu abakhubazekile noma abadala abangakwazi ukuzenzela lutho emakhaya.

"Siyazi ukuthi lapha eXopo asikakabi nayo indawo yabadala lapho benakekelwa khona kodwa loku kusezithebeni, yinto esixoxwa, ukuze abantu abadala bangazitholi behlala bodwa, bedlwengulwa. Ababe nendawo yomphakathi lapho

UNkk NONHLANHLA KHOZA

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



bethola khona ukunakekeleka.

"Ubuholi bezopolitiki kulendawo sebunginike isiqinisekiso sokuthi ikhona indawo abangayinika uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuba ukwazi ukwenzela kuyona umsebenzi wokunakekela abantu abadala, bangazitholi benesizungu emakhaya behlala ngabodwana baze babulawe," kusho uNgqongqoshe.

Etusa abasebenzi boMnyago wakhe athola imibiko yokuthi bayabonakala ezinhlakeni zentuthuko yomphakathi, uNkosikazi uKhoza uthi: "Silapha ukuzoqwashana ngezigameko zokubulala nokuhlukumeza esezeke zenzeka emiphakathini yethu.

Kunezibalo ezethusayo zenani labantu besifazane ababulawayo nabahlukumezwayo esezethulwe nayamaphoyisa eziveza isithombe

esithi abantu besifazane abekho ezandleni eziphephile kubantu ababathembisa bathi bayabathanda ngolunye usuku.

"Sibheke ukuthi lowomuntu othi uyakuthanda akwazi ukukuvikela. Ukuhlukumezeka akukona ukushaywa kuphela.

Ukuncishwa nje imali elinye uhlobo lokuhlukumezeka.

Ukuthi kubekhona amagama ayiziswana abhekiswe kuwena

uwumuntu wesifazane wolunye uhlobo lokuhlukumezeka.

Uma ubiza umuntu wesifazane noma ingane ngesilima usuke umhlukumeza wenza ukuthi angabini nakho ukuzethembwa, phecelezi, low self-esteem. Kwakha inxeba elingapholi ukwenza loko.

Ngelinje ilanga umntwana okuhlukumeza ngoba uhlukumezekile.

Unokuhlukumezeka okufihlekile enhlizweni yakhe, kusekujulenengaphakathi kuyena.

"Ukungakhokheli isondlo sabantwana ukuhlukumeza. Akekho umntwana owazalwa uHulumeni.

Umntwana wazalwa abazali ababili. Ukukhokha isondlo kuphela akwanele.

Umntwana kumele akhuliswe abazali ababili - umama nobaba.

Ukuthi ubaba athi uyayifaka imali, uyasikhokha isondlo, akwanele.

Imali ayilulethi uthando kumntwana, umntwana udinga uthando lwabazali bobabili," kusho uNgqongqoshe uKhoza.

"Silapha ukuzoqwashisa na ngezigameko zokubulala nokuhlukumeza esezike zenzeka emiphakathini yethu."

ETHEKWINI TEAM WINS THE GOLDEN GAMES

eThekwini Metro continues to dominate the provincial sport arena by winning yet another inter-district tournament, the Provincial Golden Games for senior citizens, held in Margate on the KZN south coast, on 10-11 September, this week.

The provincial trophies that eThekwini has made their own over the years include the Indigenous Games (IGs) and the SALGAKZN-DSR Games.

The Golden Games were hosted at the Douglas Mitchel grounds, Ugu Sport and Leisure, Margate Sport School and Esayidi FET campus in Gamalakhe township.

The tournament is a joint programme of the KZN Department of Sport and Recreation (DSR), the Department of Social Development (DSD) and the Office of the Premier in the province.

District Municipalities also assist their respective teams with resources. Most of the activities are of a fun nature, among them the



duck walk, dress up, passing the ball and kick, ball throw and "pegging", for those on wheelchairs.
